

13 CLIMATE ACTION



### Ukuthatha izinyathelo ngokuguquka kwesimo sezulu

Ukuthatha izinyathelo ezingala neziphuthumayo zokuvimbela ukushintsha kwesimo sezulu nendalo kanye nokuvimbela imiphumela emibi

14 LIFE BELOW WATER



### Impilo ngaphansi kwamalwandle

Ukulondoloza kanye nokusebenzisa izilwandle namalwandle kanye nemithombo yezinto ezisolwandle ngendlela eqhubekela phambili nethuthukayo

15 LIFE ON LAND



### Impilo phezu komhlaba

Ukuvikela, ukugcina kanye nokuqhubela phambili ukusetshenziswa kwemvelo yasemhlabeni, ukuphatha kahle amahlathi, ukuvimbela ukuthi izindawo zibe wugwadule kanye nokuvimbela ukonakala komhlabathi, kanye nokuvimbela ukulahleka kwezimila nezidalo zemvelo ezehlukene

16 PEACE, JUSTICE AND STRONG INSTITUTIONS



### Uxolo, Ubulungisa kanye nezikhungo eziqinile

Ukuqhubela phambili ukuthi kube nokuhlalisana kwabantu nezizwe ngendlela ebandakanya wonke umuntu ngendlela yoxolo, intuthuko eqhubekela phambili, ukuqikelela ukufinyeleleka kwezobulungisa kuwo wonke umuntu, ukwakha izikhungo ezisebenza kahle, ezichaza imisebenzi yazo kanti futhi nezibandakanya uwonkewonke kuyo yonke imikhakha

17 PARTNERSHIPS FOR THE GOALS



### Ukusebenzisana ngokweziNhloso

Ukuqinisa nokuvuselela izinqubo nezindlela zokusebenza ngokulandela inqubo yensebenziswano yamazwe omhlaba ukwenzela intuthuko eqhubekela phambili eyaziwa ngelokuthi yi-Global Partnership for Sustainable Development



UN Information Centre  
Pretoria

### YINI I-UNIC

I-United Nations Information Centre (Isikhungo solwazi samazwe omhlaba) ePitoli, esasungulwa ngo 1995, kanti singesinye sezikhungo zolwazi ze-UN ezitholakala kuwo wonke umhlaba. Siqhubela phambili nokuqwashisa abantu ukuthi baqondisise ngomsebenzi we-UN eNingizimu Afrika, irijini yonkana kanye nomhlaba wonke, ngezinhlelo zokufinyelela kubantu, ukwakha ikhono kanye nemikhankaso.

Sisebenzisana nabemithombo yezindaba, izinhlangano zemiphakathi, izikhungo zemfundo kanye nohulumeni. I-UNIC namuhla, ngenye yezikhungo ezingu 18 ze-UN ezitholakala eNingizimu Afrika, kanti iningi lazo linamahhovisi ekomkhulu ePitoli.

Ikheli lendawo

Xhumana nathi

### Physical Address

6th Floor, Metro Park Building, 351 Francis  
Baard Street,  
Pretoria. South Africa, 0126

### Contact us

T: +27 12 354 8510/07/06

F: +27 12 354 8501

E: info.pretoria@unic.org

W : unicpretoria.org.za

Facebook : [www.facebook.com/unicpretoria](http://www.facebook.com/unicpretoria)

Twitter : @unicpretoria



# SUSTAINABLE DEVELOPMENT GOALS

IZINHLOSO EZINGU 17 ZOKUGUQULA UMHLABA




[www.un.org/sustainabledevelopment](http://www.un.org/sustainabledevelopment)  
#GlobalGoals

## IZINHLOSO EZINGU 17 ZOKUGUQULA UMHLABA

### Ukwethula izinhloso ezingu 17 zeNtuthuko eQhubekela Phambili (SDGs)

Ngo 2015 Amazwe Angamalunga e-UN amukela uhlelo 2030 Lwezinhloso zeNtuthuko eQhubekela Phambili ezingu 17 (SDGs). Ama-SDG yiqoqo lezinhloso zamazwe omhlaba, izimpokophelo kanye nezinkomba okulindeleke ukuthi amazwe azisebenzise ukwenza uhlaka lwemigomo yawo eminyakeni engu 15 ezayo. Uhlelo lwenza isimemezelo sezinyathelo kuwo wonke amazwe ukuthuthukisa izimpilo zabantu kuyo yonke indawo kanti futhi kungabi bikho muntu oshiyeka emuva. Ohulumeni, amabhizinisi kanye nezinhlangano zemiphakathi, ngokusebenzisana ne-UN, bagqoguzela imizamo yokufezekisa lezi zinhloso ze-SDG ngonyaka ka 2030.



**1 NO POVERTY** **Ukungabibikho kweNhlupheko**

Ukuqeda inhlopheko yazo zonke izinhlobo kuyo yonke indawo

**2 ZERO HUNGER** **Ukungabibikho kweNdlala**

Ukuqeda indlala, ukufinyelela izinga lokuvileleka kwezokudla kanye nokuthuthukisa ukudla okunomsoco, kanye nolimo oluqhubekela phambili

**3 GOOD HEALTH AND WELL-BEING** **Impilo enhle kanye nokuphila kahle kwabantu**

Ukuqinisekisa ukuthi kube nempilo enhle kanye nokuqhubela phambili impilo enhle kubantu bayo yonke iminyaka

**4 QUALITY EDUCATION** **Imfundo yeqophelo**

Ukuqinisekisa iqophelo elilinganayo lemfundo ebandakanya bonke kanye nokuqhubela phambili amathuba okufunda yonke impilo kubo bonke abantu

**5 GENDER EQUALITY** **Ukulingana ngokobulili**

Ukuqikelela ukulingana ngezobulili noma phakathi kwabesilisa nabesimame kanye nokunikeza amandla kubo bonke abesimame kanye namantombazane

**6 CLEAN WATER AND SANITATION** **Amanzi ahlanzekile kanye nokuchithwa kwendle ngendlela ehlanzekile**

Ukuqinisekisa ukutholakala kanye nokuphathwa kahle kwamanzi ngendlela eqhubekela phambili kanye nezezindlu zangasese ezihlanzekile kubo bonke abantu

**7 AFFORDABLE AND CLEAN ENERGY** **I-eneji engabizi kanye nehlanzekile**

Ukuqinisekisa ukuthi kuba ne-eneji yesimanje, engabizi, etholakala njalo futhi ngendlela eqhubekela phambili kubo bonke abantu

**8 DECENT WORK AND ECONOMIC GROWTH** **Imisebenzi yesithunzi kanye nokukhula komnotho**

Ukuqhubela phambili ukuthi kube nomnotho okhulayo obandakanya bonke, kanye nokutholakala kwemisebenzi yokusebenza ngokuphelele kanti futhi imisebenzi yesithunzi kubo bonkehinkwavo

**9 INDUSTRY, INNOVATION AND INFRASTRUCTURE** **Izimboni, ubuqambi bezinto ezintsha kanye nezingqala-zizinda**

Ukwakha izingqalazizinda eziqinile, kanye nokuqikelela ukuthi kuba nokwenziwa kwezimboni eziqhubekela phambili nokukhuthaza ukuthi kuba nobuqambi bezinto ezintsha

**10 REDUCED INEQUALITIES** **Ukuphungula inqubo yokungalingani**

Ukuphungula inqubo yokungalingani ngaphakathi emazweni kanye naphakathi kwamazwe ehlukeno

**11 SUSTAINABLE CITIES AND COMMUNITIES** **Amadolobhakazi nemiphakathi eqhubekela phambili**

Ukwenza ukuthi amadolobhakazi kanye nezindawo zokuhlala abantu zenziwa ngendlela ebandakanya bonke, nokuba zindawo eziphephile, zesikhathi eside neziqhubekela phambili

**12 RESPONSIBLE CONSUMPTION AND PRODUCTION** **Ukusebenzisa izinto nokukhiqiza ngendlela ebonelelayo**

Ukuqinisekisa ukuthi kuba nenqubo yokusebenzisa izinto nokukhiqiza ngendlela eqhubekela phambili